# *UKUKHOLWA KUKAMARIYA*

Unjani, Mfowethu Moore? Ngiyabonga, Mfowethu.

2 Impela bekuyikho, ngifanele ngithi, “Amen,” kulokho, iNkosi isibusisile kulokhu ukusa ngendlela engejwayelekile kakhulu. Benginento ethize engqondweni yami ebengizokhuluma ngayo, futhi nje ngakushintsha khona ngqo, futhi yilolohlobo lwemihlangano engiluthandayo, lobobumnandi bukaMoya oNgcwele ungena nje, ugeleza phezu kwesakhiwo.

3 Bese kuthi-ke, uMoya oNgcwele, izolo ebusuku, ngiqagele kufanele ukuthi bekuyisiprofetho, ngishilo abefundisi emva kwami, ukuthi isikhathi sabo siyofika, bebenikela ngomhlatshelo, futhi kulokhu ukusa, ngani, ngaphambi kokuba ngisho ngiqale, kal’khuni, ukulunga kukaMoya oNgcwele kwaphuma ngqo phakathi kwalabo befundisi, wamemezela ukuthi baphulukisiwe, phansi ngqo ukuzungeza lapho, ngibatshele izimo zabo, nezifo, nokunye. O, Muhle, Akanjalo na? Yena impela, UnguBaba omangalisayo, sibonga kakhulu ngaYe.

4 Futhi manje, kusasa ntambama, iNkosi ithanda, sizoshintsha inkonzo kusukela kusasa ebusuku, kuze kube kusasa ntambama. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuhle, kunikeza wonke umuntu ithuba ukugcina amabandla abo ehamba. Ngihlala ngicabanga ukuthi kungumsebenzi womKristu ukuma endaweni yakhe yomsebenzi. Futhi ngaleyondlela, ngenkathi sino—nombuthano onjengalona, ngani, nabazalwane abavumayo ukuvala amabandla abo futhi bathumele abantu babo ngale, ngiyanitshela nonke nina zivakashi lapha manje, olapha ngaphandle kwedolobha futhi kude nalamabandla, uye esontweni kusasa, khetha nje okuthandwa nguwe.

5 Kunesigejane esikahle sabafowethu lapha, namanye amabandla amahle akholelwa kuleliVangeli elifanayo esilishumayelayo. Bamile lapha, futhi ba, bayajabula ukuba nani koSonto sikole babo kusasa ekuseni, namabandla abo kusasa ebusuku. Futhi manje, qiniseka ukwethamela ibandla elithile, ibandla olikhethayo.

6 Ngiqagele abazalwane unitshelile lapho abenze khona uhlobo oluthile lwamalungiselelo ukusho ukuthi bakuphi nokuthi kuthiwani ngakho; ngokuvamile bayakwenza lokho. Futhi nimenyiwe kuwo onke. Futhi ngakho manje ibandla, noma ngabe uya kuphi esontweni, yiliphi olimele, noma yini ofuna ukuyenza, awu lokho—lokho kuzoba kuhle nje.

7 Manje, ngiyababona bengena emabhayisikobho, noma okuthize. Ngakho, kukhona uMoya omkhulu phakathi

kwabantu, imvuselelo enkulu ibonakala ihamba ngalendlela. Ngithemba ukuthi akusoze kwalahlekelwa yilowoMoya omuhle obusemhlanganweni kulokhu ukusa. Lokho—lokho kuyinto ngempela lapho ubona ukulunga kukaNkulunkulu nomusa waKhe ukuza futhi usibusise, futhi enze izinto Azenzile kulokhu ukusa.

8 Manje, uma iNkosi ithanda, kusasa ntambama ngifuna ukukwenza u, njengo—umbuthano omuhle wamaKristu, futhi nje makuthi wonke umuntu aphume. Sizoshumayela nje intshumayelo yokuvangela kusasa ntambama, uma iNkosi ithanda. Futhi uMfowethu Leo, indoda yethu yezincwadi, wathi, "Mfowethu Branham, ubufanele ushumayele kanye ezansi lapha kulababantu njengalokho kwakudala, ukushumayela kwasemahlashaneni amasassafrasi."

9 INkosi iyinhle kithi, sifuna niphenye emaBhayibhelini enu uma nifisa, noma nje nibhale indikimba phansi, ngisanda kuthola ivesi nje ukuba ngilifunde, kuLuka, isahluko 1, ivesi lama 37:

> *Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu.*
>
> *UMariya wathi, Bheka incekukazi yeNkosi; akube kimi njengezwi lakho. Ingelosi yamuka kuye.*

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

10 Baba wethu waseZulwini, siza eGameni leNkosi uJesu ukuzocela umusa nentethelelo yamaphutha ethu. Sizokhuleka kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Uzoqhubeka nokusivakashela kulokhu ukuvakashelwa okukhulu kukaMoya oNgcwele waKho, ukuze Uzibonakalise Wena uqobo uphila uze Ubonakale futhi esimweni somzimba ekuFikeni kwesiBili.

11 Siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi uma kungabakhona noma ubani phakathi kwethu ongakaze aKwemukele namanje njengowabo othandekayo, uMsindisi othandekayo ukuthi kulobubusuku kuzoba yilesosikhathi lapho bezokwenza lokho konke okwenele, "Yebo, Nkosi, ngiyakholwa." Labo abaqale ngaleyondlela futhi abangakafiki embhaphathizweni kaMoya, sikhulekela ukuthi bona, futhi, bazozinikela, kulobubusuku, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele.

12 Izolo kusihlwa sijabule kakhulu, Nkosi, ukuKubona uphuma phakathi kwabantu, labo abaphakamise izandla zabo ukuthi bebengenawo amakhadi omkhuleko, sibona uMoya oNgcwele waKho omkhulu uphuma futhi uphulukise abagulayo nabahluphekile, futhi ubabize, wenza njengoba nje Wenza ngenkathi Uhlala eMzimbeni weNkosi yethu uJesu Kristu, ukhombisa ukuthi UseseBandleni laKho, abantu besukuma ezinhlakeni futhi behamba, nalabo ababefa, ethembeni lokugcina, bakubonile ukuKhanya kukaNkulunkulu futhi baKwemukela, basuka bahamba bephulukisiwe. Umhlangano omkhulu kulokhu ukusa enhlanganyelweni noMoya oNgcwele,

njengoba sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, O Nkulunkulu, sikuthanda kanjani lokho!

13 Futhi sikhulekela ukuthi Uzosipha izibusiso zaKho zaseZulwini kulobubusuku. Ungabuki phezu kokungafaneleki kwethu, Nkosi, ngoba asifanele, futhi akukho lutho ebesingakwenza ukuba sifanele noma yini. Ngakho-ke siyavuma ngokuzithoba ukuthi si—sinephutha, futhi asilungile, futhi Wena wedwa ulungile, futhi siza eGameni leNkosi uJesu, njengoba Isiyalile, isethembisa ukuthi siyokuthola esikucelayo.

14 Nkulunkulu, ngizocela into enkulu kuWe, futhi ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzohlola yonke inhliziyo lapha kulobubusuku, uma bedinga ukuphulukiswa, baphulukise, Nkosi, noma yini abakudingayo, baphe khona, Nkosi, futhi ungangikhohlwa emuva lapha, ungakhohlwa yilesisigejane esithandekayo sabefundisi, Nkosi.

15 Busisa amabandla abo kusasa, kwangathi angabakhona, agcwale phama nje, noMoya kaNkulunkulu uhamba kuwo. Kwangathi kungaba khona ukubhoboka kwemvuselelo eyifeshini endala kulelizwe lapha, futhi nje kunqamule isizwe. Busisa bonke abantu ndawo zonke, Baba. Manje, njengoba ngifunde lamazwi ambalwa, ngikhulekela ukuthi Uzowabusisa ezinhliziyweni zethu. Siyacela, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

16 Ilanga lasekuseni lalikhuphuka nje phezu kwegquma lapho ehamba ngendlela yakhe kwesincane, isitaladi esijwayelekile, ehla evela egqumeni lapho ayehlala khona. Futhi lapho ehamba ephethe imbiza yamanzi ekhwapheni lakhe, mhlawumbe wayecabanga, ezindla, njengabesifazane abasebasha ngokwejwayelekile, cishe ngalowonyaka, bengahamba becabanga, futhi wayesendleleni yakhe eya emthonjeni wasemzini ukuyothola amanzi ahlinzekwa nsuku zonke. Siyatshelwa ukuthi unina wayesewafa, ngakho wathi nje ukuzigcina ekhaya lapho yedwa noyise osekhulile. Futhi wayecabanga ngayizolo.

17 Kufanele ukuthi kwakungosuku lokuqala lweviki, emva kokuba babenenkonzo yeSabatha, nelanga liphakama kahle impela futhi likhwela ezibhakabhakeni zasePalestine ezil'hlaza. Nobumnandi bezimbali lapho ilanga liphuma, lesosimo sendawo, lelophunga elimnandi lezimbali nezimbali ezinuka kahle, njengoba ukushisa kuyomisa, amahora ambalwa nje ngaphambi kokuba liyomise futhi, ngiyasithanda lesosikhathi sasekuseni, ngicabanga ukuthi sifreshi. Ngiyathanda ukuphuma ngiye ezingadini.

18 Ngicabanga ukuthi umfundisi ubefanele eze emsamo, engasindwa yinqwaba yokunakekela, kodwa ephuma ekuhlumeleleni boBukhona beNkosi. Uphume kusesekuseni kakhulu emva kokuba onke amademoni eseyolala, nombuthano wasebusuku usuthi awuphele, bese kuthi-ke kuzinze futhi

kuthule, futhi uhogele lelophunga elimnandi, ubumnandi. Futhi ngikholwa ukuthi uma umfundisi ubengahlala nje phambi kukaNkulunkulu aze angene epulpiti, ubeyofika njengephunga elimnandi, egcotshwe ngoMoya oNgcwele ukuletha umlayezo kaNkulunkulu kubantu abanezinhliziyo ezilambile abalindile.

19 Lapho ehla endleleni yezinyawo, ngiyakholwa, noma, ngingahle ngisho lokhu njengomdlalo omncane wasesiteji, ukuthi wayecabanga ngalokho okwenzeke izolo. Emva kokuba sebevela ebandleni, ngani, kwakuyisiko ukuthi umyeni wakhe ababethembisene, uJosefa, wayezoza naye ekhaya ngalolosuku ezodla idina. Futhi lapho idina selilungisiwe, ngani, babekade benedina labo, futhi njengokwejwayelekile, bahlala phandle egosini, bebuka ngaphesheya kwesigodi esincane ngaphesheya kwelinye icala legquma.

20 UJosefa wayengumbazi, futhi azi ukuthi wayelungiselela ukushada nale enhle, intombi eyiJuda esencane, engumbazi, wayakha ikhaya labo lakusasa ngale kwelinye igquma. Ngakho-ke ku, niyazi, ngiyacabanga ukuthi kwakufanele kube nalokho kuthintwa okuncane okukhethekile kukho, ngoba wayezoletha owakhe omuhle, umlobokazi osemncane kulelikhaya, neminyango yayifanele ingene kahle nje.

21 Futhi—futhi wayethatha isikhathi sakhe mayelana nokukwenza, ngoba wayengawufuni umsebenzi wokuphuthuma kulona. Ufanele abe . . . Amafasitela afanele angene khaxa kahle nje, neminyango kahle nje. Sengathi ngiyabona ngenkathi engena esangweni, kungahle ukuba kwakukade kuyisimo senhliziyo enkulu, ukuze kuthi lapho engena, enze isango ngomfanekiso wenhliziyo, izimbali zizungeze indlu. Futhi babekuhlelile lokhu isikhathi esithile, selokhu bathembisana.

22 Futhi babephumela lapho nge, sithi, ngeSonto ntambama, futhi bahlale phansi egosini, futhi babuke ngaphesheya nje lapho ikhaya labo lakusasa liyoba khona, futhi njengesiko babekhuluma ngeNkosi, ngoba bobabili babengamakholwa amakhulu kuNkulunkulu.

23 Futhi leliSonto lalingelikhethekile. Lapho bephuthuma idina, futhi bageza izitsha, noJosefa wayesevele ehlezi egosini ngenkathi uMariya efika, futhi—futhi kufanele ukuthi kwakuyingxoxo into enjengale, njengoba babevame ukukhuluma ngendlela indlu eyayime ngayo, nokuthi nje kwakuzobukeka kanjani, norabi babeza nabo ekhaya bezodla idina, kodwa esikhundleni salokho, bawela endabeni yomlayezo wasekuseni ababewuzwile kurabi, odumileyo, ohloniphekile.

Futhi mhlampe kwakunguMariya owathi, "Josefa, bekungesiwo yini umlayezo oshayayo lowo kulokhu ukusa urabi awushumayelile, umelusi wethu othandekayo na?"

24 "O," uJosefa kufanele ukuthi wathi, "lowo bekungumlayezo ogqamile! Ngikuthande kakhulu ngenkathi ekhuluma

ngalowoJehova uNkulunkulu omkhulu, Owahola abantu bakithi baphuma eGibhithe. Akukuxhuxhumisanga yini ngenkathi efunda imiBhalo egoqwayo ka-Eksodusi ngenkathi bekhishwa, nokuthi uJehova wabahola kanjani ngeNsika yoMlilo na? Futhi nje babengenayo inkombandlela yokuhamba, kodwa bahamba ngokuhola kukaMoya. O, Mariya, bekungeke yini kube kuhle kakhulu ukuthi uma besingaphila zonke izimpilo zethu sibheke leyoNsika yoMlilo futhi siholwa njengoba babenjalo na?

25 "Nokuthi kanjani ukuthi ngenkathi bedinga ukudla, Wanisa imana ivela eZulwini, babenesinkwa; kwase kuthi-ke lapho sebedinga inyama, Waphephetha izigwaca ezivela ogwini, zagcwalisa umhlabathi, futhi ngenkathi bedinga amanzi, WayeneDwala elishayiwe; ngenkathi begula, Wayenenyoka yethusi ibe ukubuyisana ngokugula kwabo. Futhi o, kwakukuhle kanjani!

26 "Kodwa," wathi, "S'thandwa, ngikholwa ukuthi wone yonke into ngenkathi ethi, 'Kodwa, maye, uJehova akasakwenzi lokho.' Ngandlela thize enye bengihlala njalo ngikholwa ukuthi—ukuthi uJehova uhlala efana njalo, A—Angeke nje ehluleke. Futhi ngikholwa ukuthi isizathu esinaso, siphila ezinsukwini esikuzo, yingenxa yokuthi abantu bakithi ulahlekelwe ukukholwa kuJehova.

27 "Ngiyakholwa ukuthi Akafi, futhi Akagugi futhi ashabalale, Yena nje, kalula, unguJehova ofanayo, futhi Akalindele thina . . . Angicabangi ukuthi bengingadelela noma ngingamhloniphi urabi ohloniphekile, kodwa ngenkathi esho kulokhu ukusa emlayezweni wakhe ukuthi uJehova akasazenzi izimangaliso, ukuthi into kuphela Ayefuna siyenze kwakungukuba size esontweni, futhi sikhokhe izishumi zethu, siphile impilo enhle njengoba besingakwazi, futhi Uyosiyisa eKhaya eNkazimulweni, kul'khuni ukuba ngi—ngikukholwe lokho, Mariya. Ngi—ngikholwa ukuthi uJehova ufuna sihambe naYe njengoba benza ngalolosuku."

Futhi khona-ke kufanele ukuthi uMariya wathi, "O, S'thandwa, uyazi yini . . . ? Sifanele sifunde imiBhalo kuqala."

28 Awu, uma uke waba sekhaya lasePalestine futhi ubone ezinye zezimpawu zakudala zasendulo, izincwadi zeBhayibheli zazigcinwa e, njenge, kubizwa ngokuthi *umbhalo ogoqwayo*, ugoqwe e, njengenduku, futhi babeyigcina esitsheni njengobhasikidi kadoti, futhi bavele nje bayinamathisele phansi kulesisitsha. Futhi, njengomBhalo ogoqwayo ka-Isaya, umBhalo ogoqwayo kaJeremiya, nabo bonke labobaprofethi babephakathi lapho, futhi ngakho akwenzanga mehluko ukuthi Yimuphi ababewufunda, ngoba babazi ukuthi Konke kwakumiswe nguNkulunkulu, ngoba kwakungabaprofethi babo.

Ngakho uJosefa wathi, "Awu, s'thandwa sami, ubunga—ungangena bese uthola omunye wemiBhalo egoqwayo na?"

Wavele nje ngenhlanhla wafinyelela phakathi ukuba athole umBhalo ogoqwayo futhi waWukhipha, wathi, "Awu, S'thandwa, namhlanje kubonakala sengathi sifunda eNcwadini ka-Isaya."

29 Ngakho wadonsa wavula umBhalo ogoqwayo, noJosefa uqala ukufunda, nengqondo yakhe . . . amehlo akhe awela phezu kwalengxenye: "Intombi iyokhulelwa, futhi iyozala iNdodana. Bayobiza iGama laYo ngoMluleki, uNkulunkulu onaMandla, iNkosi yokuThula, uYise ongunaphakade."

30 Futhi lapho efika ezansi ekupheleni, elincane, inenekazi eliyintombi lihlezi eceleni, lathi, "Umzuzwana nje, Josefa, S'thandwa. Uchaza ukuthini umprofethi ngokuthi intombi ikhulelwa na?"

31 Awu, uJosefa ngahle ukuba washo lokhu: "S'thandwa, lokho nje kuthe ukujula kancane kimi. Angikuqondi, kodwa ngiyakukholwa. Kuyilokho nje iBhayibheli elakusho. Angazi ukuthi kuyoke kwenzeke kanjani, kodwa siyakwazi lokhu, S'thandwa, siyazi ukuthi u-Isaya wayengumprofethi kaJehova, ngakho-ke egcotshwe ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu phezu kwakhe, akakwazanga ukuprofetha ngokungesikho, ngoba wazalwa engumprofethi, futhi siyazi ukuthi amaZwi akhe aqinisile. Futhi ngenkathi ethi, 'Intombi iyokhulelwa,' lowo kwakungesuye u-Isaya, lowo kwakunguJehova wethu, noJehova uyakwazi ukwenza noma yini Athi Uyoyenza."

32 Futhi lapho bekhuluma ngakho, futhi kwehle njalo, ukuthi iGama laKhe laliyobizwa kanjani ngokuthi uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade, nombuso uyakuba semahlombe aKhe futhi uMbuso waKhe awuyikuphela, kanjalonjalo, owesifazane wathi, "Kufanele kube yiLowo ofanayo umprofethi uMose asethembisa yena, 'INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami,' ngakho-ke Kufanele kube nguMesiya."

33 UJosefa wathi, "Ngikholwa ukuthi ababhali bakuhumusha ngaleyondlela, ukuthi lona kuzoba nguMesiya owayezofika." Futhi lapho ukuhlwa kwedlula, inkonzo yasebusuku yasondela, ngani, baqhubeka babuyela esontweni futhi.

34 Futhi kwakungokusa okulandelayo ukuthi wayehamba eyofuna amanzi, wayesizwa isando ngaphesheya kwendlela, lapho isaha, lapho uJosefa ayakha khona endlini yabo. Futhi lapho evuka, futhi waba nesidlo sakhe sasekuseni, futhi wahloma imbiza encane ekhwapheni lakhe, wase eqala ehlela emthonjeni womphakathi womuzi. Manje, ukuba besinesikhathi bengingathanda ukuhlala kulowomthombo isikhashana, kodwa asinaso isikhathi.

35 Ngakho lapho wayehamba nekhanda lakhe libheke phansi, ecabanga, akakwazanga ukukususa engqondweni yakhe, futhi wathi, "Lokho kuphawula uJosefa akwenzile kimi ngenkathi ngimmisa kulowomBhalo ka-Isaya 9:6, nokuthi u—usho kanjani kimi, 'S'thandwa, uyazi, ngicabanga ukuthi wena, ngangihlale ngicabanga, wawungowesifazane omuhle kunabo bonke engake ngambona, kodwa ngandlela thize emizuzwini embalwa edlule, ube muhle kakhulu kunanininini, awakho amakhulu, amehlo ansundu ayacwebezela, futhi nje ngenkathi siphatha lomBhalo. Ngabe kukuxhuxhumisile na? Noma kwenzekeni na?' awu," wayemangala, "kwakuyini leyo ngenkathi ethi, uMntwana uyazalwa, iNdodana iphiwe na? Ngiyamangala ukuthi yini engenze ngazizwa ngendlela engizizwe ngayo na?"

36 Futhi nje ngaleyonkathi, lapho intombi encane yayihamba, yaqaphela into ethize elokozayo, futhi waqalaza futhi, "Kufanele ukuthi kwakuyilanga," wathi, "lokho okukhanye edwaleni phezulu egqumeni eliwugwadule lapho, ndawondawo." Futhi lapho eqhubeka ngendlela yakhe, ecabanga ngalokho okwakwenzeka, nalokho ababekade bekhuluma ngakho, wajika ekhoneni elikhuphukela emthonjeni womuzi, lapho amanenekazi ehlangana khona phandle lapho kusesekuseni kakhulu futhi ehlise amabhakede awo, noma wona. . . izitsha zobumba zawo, okufana kakhulu nesitsha sobumba noma ujeke.

37 Unentamo ende, izibambo ezimbili, zazinehhuku ababelihhuka ngaphansi kwawo, nesigwedlo, babehlisa ujeke, wenziwe ngobumba, ngani, wacwila. Babegwedla amanzi abuyele phezulu bese-ke bewabeka phezulu phezu kwamakhanda awo, futhi ahambe ngqo abuyele ekhaya, futhi mhlawumbe ephethe amagalane amahlanu noma ayisithupha amanzi, enele usuku, ngaphandle uma ayewasha, kwase kuthike, ngokwejwayelekile, ayeya ezindaweni ukuyowasha.

38 Manje, lapho ejika ekhoneni, wabona lokho kuKhanya kulokoza futhi. Futhi lapho ebuka, ngenkathi wayedingeka edlule kwencane, indawo eyingcingo, lapho umuntu oyedwa nje ayengadlula khona, nakho kumi uGabriyeli, iNgelosi enkulu. Kwakungesilo ilanga, i s-u-n, wabona kubonisa, yayimlandela, futhi yahlangana naye, lapho eyayimthole khona endaweni lapho ayezodingeka abheke kuyo. Futhi wabheka, futhi konke yayingokukhazimulayo kokuKhanya ngakuyo. Kwethusa intombi encane, futhi akungabazeki yadumela imbiza yayo yamanzi, nalawomehlo amakhulu agqolozela, abuka iNgelosi enkulu.

39 Yathi, "Yethi, Mariya," noma *yima*, "ubusisiwe kakhulu phambi kukaNkulunkulu." O, ngiyakuthanda lokho. Lowo wesifazane omncane emzini ophansi kunayo yonke eyayikhona ezweni ngalesosikhathi, owaziwayo, umuzi ophansi kunayo yonke, empeleni, ePalestine. Futhi phakathi lapho wayephile

impilo enjalo uNkulunkulu waze wamkhethela umsebenzi othize Ayezowenza. Lapho wabuka ebusweni baYo, futhi kwamethusa.

40 Niyazi, ngokuvamile kunjengoba sicabanga ngalezozinto . . . IBhayibheli lathi, "Uma kukhona ukudunyiswa, uma kukhona ubumsulwa, zindlani ngalezizinto." Ngicabanga ukuthi isizathu singaboni okunye kwakho kunoma senza, sinezingqondo zethu kwezinye izinto eziningi kakhulu. Ngicabanga ukuthi iziNgelosi beziyolokhu zibonakala kithi uma kuphela besigcina izingqondo zethu phezu kwazo, kodwa sicabanga ngenye into, lapho esiya khona, uhlelo oluthize esizofanele silubuke, noma—noma ukuthenga okuthile okufanele sikwenze. Kodwa imiBhalo yethu iyasitshela, "Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe, nazo zonke lezi ezinye izinto niyonezelelwa kini."

Futhi lapho khona-ke ngenkathi sibona lokho, ukuthi Yathi, "Wena unomusa kakhulu phambi kukaNkulunkulu."

41 Futhi siyaqaphela futhi, angifuni ukushiya lomBhalo, kodwa kwakunguKleyophase nomngane wakhe besendleleni eya e-Emawuse, njengoba babehambisana lapho, bedabukile, bekhuluma ngoJesu ebethelwe futhi efile, nezindaba ababezizwile ngaYe evuswa kwabafileyo, futhi abakukholwanga. Endleleni eya ngale, bebuyela emuva e, mhlawumbe, beya emsebenzini ngoMsombuluko ekuseni, endleleni ebuyayo, kwakungenkathi besacabanga ngaYe ukuthi Wabonakala kubo, waphuma ezihlahleni, futhi uqala ukukhuluma nabo, njengomuntu ojwayelekile nje.

Wathi, "O, kungani nikhandleke kangaka na? Yini engalungile ngani na?"

Bathi, "Uyisihambi nje lapha na?"

42 Uyakholwa manje, lokhu kuthi ukunamathela, kodwa abantu ababehambe naYe, futhi bakhuluma naYe, futhi bahamba usuku lonke naYe emva kokuvuka kwaKhe, uJesu ofanayo, futhi bengaMazi na? U—UyoZembula kunoma ubani Azomembulela. O, ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzosusa izisitho kuwo onke amehlo ethu, futhi uzongena kulesisakhiwo futhi Azembule emandleni okuvuka kwaKhe, ukuze wonke umuntu aMbone, isoni, njengoMsindisi wabo; abagulayo, njengoMphulukisi wabo.

43 Futhi siyaqaphela ukuthi Wahamba nabo usuku lonke, wase-ke Esenza sengathi Wayeya kwenye indawo, noma edlula, futhi baMphoqelela ukuba angene. O, ngiyakuthanda lokho, ukuMphoqelela ukuba angene, "O, Jesu, U—U—Ulapha ebandleni, kulobubusuku, Ufanele uye ekhaya nami! Ngifuna ukuKuthatha ngikuyise ekhaya lami. Angifuni neze ukulahlekelwa yilomuzwa woBukhona baKho. MangiKuyise ekhaya, futhi ungene futhi uhlale nami." Ungalokothi ufune ukulahlekelwa yilowomuzwa. Bekungeke yini kumangalise lokho na?

44 Niyazi, ngifuna ukuma lapha emlayezweni wami umzuzwana nje, futhi ngisho izinto ezikhazimula kakhulu esengake ngazibona zenzeka kungenkathi o*Kuthize* kungigcoba. Ngifisa sengathi bengingahlala kuleyondawo sonke isikhathi.

45 Nafunda encwadini, ngalobobusuku ngenkathi uhlanya luphuma lugijimela emsamo enhla lapho ukuba lungibulale e . . . Kwakukuphi . . . ? EPortland. Wawulapho, Mfowethu Jack, noma kwakungu, uMfowethu Brown wayelapho, ngenkathi lolohlanya lugijimela ukuzongibulala, futhi lwesabisa ukukwenza, omkhulukazi, umfo omkhulu. Futhi esikhundleni sokuzonda indoda, ngayithanda. Yayingeke ikwenze lokho, mhlawumbe yayiyindoda enomndeni, njengoba nginawo, futhi yayingeke ikwenze lokho, kwakungudeveli kuyo owayenza lokho. Futhi ngenkathi ngiyithanda, ngangingaseyesabi ngaleyonkathi. Uthando luxosha ukwesaba, kungenkathi ungathanda.

46 Niyizwile indaba ngomama opozamu omdala ekhuphukela endlini, uthando, kuthatha uthando ukunqoba.

47 Ngesikhathi leyonkunzi yayizongibulala phandle lapho edlelweni, yagijima yakhuphukela kimi ngqo, futhi kwakungesikho ukuthi ngangiyizonda. Ngangingumqaphi wezinyamazane, ngafinyelela ukuba ngithathe isibhamu, futhi ngangisishiye emotweni yami, futhi ngajabula ukuthi ngakwenza, kamuva. Yagijima yenyuka, ngase ngicabanga, "Awu, uma ngifanele ngife, ngingahle ngife ngibhekene nayo, angikwazi ukuyibalekela, akukho lutho, ukuba ngisuke endleleni." Futhi nje ngaleyonkathi ngacabanga, "Awu, uma ngizodingeka ngihambe, ngifuna ukuhamba ngiyibuka."

48 Futhi lapho sengikwenzile, yagijimela kimi ngqo, ngoba yayizongibamba, noma kanjani. Futhi yayineketango lilenga ekhaleni layo. Yabulala nje indoda eyikhaladi, amaviki ambalwa ngaphambi kwalokho. Ngakhohlwa ngayo ikulelodlelo, ngangizoya ngale ngikhulekele indoda egulayo. Yaphosa idolo layo phansi *kanje* futhi yaqhwisha uthuli, yabhonga, futhi nansi iza. Futhi angazi ukuthi kungani, kodwa *okuthize* kwenzeka.

49 Njalo lapho ukuphulukiswa kwenzeka, kumbe noma yini, kun*okuthize* okwenzekayo. Uthando luyangena, lokho, futhi nje lususa konke okunye endleleni. O, ngiyakutshela, mfowethu, ungaba nayo yonke isayense yezenkolo oyifunayo, kodwa nginike uthando ngaso sonke isikhathi.

> Selokhu kwaba ngokukholwa ngabona lowomfudlana,
> Amanxeba aKho agelezayo ahlinzeka,
> Uthando oluhlengayo lube yingqikithi yami,
> Futhi kuyoba njalo ngize ngife.

50 Uthando! O, ukuba kuphela bengingaphila kulesosimo sendawo ngaso sonke isikhathi!

51 Futhi lapho *lokho* kungishaya, ngathi, "Sidalwa sikaNkulunkulu, ngiyinceku kaNkulunkulu. Ngisendleleni yami ngale ukuyokhulekela omunye wabantwana baKhe abagulayo. Manje, ngisezweni lakho, ngisedlelweni lakho lapha, bengingaqondile ukukuphazamisa, kodwa eGameni likaJesu Kristu, buyela emuva futhi ulale phansi, angizukukukhathaza."

52 Futhi yayibukeka sengathi yayiza. Nansi iza, ngamandla ayo onke nje. Ngavele ngama ngathula du, ngingesabi kunoma nginjalo khona manje. Futhi lapho isifike cishe ngamafidi amathathu ukusuka kimi, yama, yangibuka, yabukeka iphelelwe ngamandla kakhulu, ngapha nangapha, yaphenduka, yahamba yaya ngale, yalala phansi. Ngedlula ngakuyo phakathi kwamafidi amabili, ngahamba ngaqhubeka ngqo ngakuyo. Uthando luyanqoba. *Okuthize* kuyenzeka, *okuthize* kuyenzeka.

53 Ngobunye ubusuku nganginitshela ngokuthi ezansi eMexico ngenkathi uMfowethu Jack wayelapho. Kwakukhona ikhehla laseMexico lenyuka emsamo, laliyimpumputhe ngokuphelele, nomfo omdala ompofu, okwakhe . . . Ezomnotho zabo zibhalanse kabi kakhulu futhi abanalutho abangaludla. Lomfo omdala wayengazigqokile izicathulo, nesigqoko esidala esandleni sakhe, sithungwe ngezintambo, futhi elidala, ijazi elibukeka limanikiniki, nebhulukwe cishe lize lifike emadolweni akhe, nezintuli zigcwele kukho konke. Uza ehamba enqamula emsamo ephethe irosari elincane esandleni sakhe, isixheke esincane sobuhlalu, futhi wafika phezulu kimi, esho okuthile, othile wayemhola. Futhi ngama ngambuka.

54 Ngiyakutshela, mfowethu, uze uzizwele isimo somunye umuntu, awusoze wamsiza. Kunjalo. Yingalesosizathu uNkulunkulu alithanda kangaka izwe, Waba nokuzwelana ngalo.

55 Ngase ngimbuka, ngacabanga, "Nango, mhlawumbe isigejane sabantwana abancane ndawondawo, esebenzela amapeso ambalwa ngosuku. Futhi manje emva kwakho konke lokhu, mhlawumbe omunye . . . akakaze abe nokudla okumnandi empilweni yakhe, futhi lapha kulesosimo. Manje imvelo ibiyimbi kakhulu kuye, noma isimiselo sakhe simphuphuthekisile." Futhi waye . . .

56 Ngiphakamisa unyawo lwami eceleni kwakhe, ngacabanga, "Lapha ngimi ngigqoke isudu enhle nepheya lezicathulo, ipheya elihle lezicathulo, futhi angazi noma wake waba nepheya lezicathulo empilweni yakhe." Ngacabanga, "Lokho akulungile. Nginepheya ekhaya, nginenye isudu ekhaya, leyondoda inelungelo nje impela kukho njengoba nginalo." Ngabeka unyawo lwami eceleni kolwakhe, ngacabanga ukuthi ngiyomnika izicathulo zami ngaphambi kokuba ngisho noma yini. Ngani, unyawo lwakhe lwalulukhudlwana kakhulu, namahlombe akhe—akhe, ebanzi kakhudlwana, angikwazanga

ukumnika ibhantshi lami. Ngacabanga, "Nkulunkulu, ngingamenzelani na?" Ukuba ubaba wami omdala wayephilile, wayeyoba cishe neminyaka yakhe.

57 Kwakuyini na? Engena. Khona manjalo kukhona okwenzeka. Ngaqala ukuzwa lobobukhona bothando, ukuzwelana nekhehla.

Wahluthula ubuhlalu obuncane, futhi uqala ukumpongoloza, "Yethi, Mariya, mama kaNkulunkulu, busisa . . ."

Ngathi, "Lokho akudingekile. Vele ububeke eceleni."

Futhi wathi kuMfowethu Espinosa, "Uphi umphulukisi na? Ngifuna ukumbamba."

58 Futhi—futhi ngathi, "Mtshele nje akhothamise ikhanda lakhe." Ngagaxa umfo omdala, ngaqala, ngathi, "Nkosi Jesu, leli elimpofu, ikhehla, angikwazi ukulinika izicathulo zami, angeke lizigqoke, angikwazi ukulinika ibhantshi lami, kodwa, Nkosi Nkulunkulu, NguWe kuphela ongalisiza manje, Ungalinika into ezolilingana, lokho ngukubona kwamehlo, yilokho elikulangazelele."

59 Futhi akungaphezu kokuba ngisho lokho, ngezwa omunye empongoloza, "Gloria a Dios!" Futhi yayilapho-ke, yayikwazi ukubona kahle njengoba ngangingabona, igijima inqamula emsamo ngamandla ayo onke.

60 Futhi ngobusuku obulandelayo kwakukhona inqwaba yezingubo, izikhafu ezindala, namaphinifa, namabhantshi amadala, nezindwangu, nezigqoko zinqwabelene lapho, ziphindwe kabili noma kathathu zizinde njenga*lokhu* lapha, futhi zithi aziphakame *kangako*. Ukuthi ngike ngi . . . Ukuthi baze bamthola kanjani ofanele, angazi. Kodwa ini na? Babone into ethize. O, lapho *okuthile* kwenzeka, kukhona okwenzekayo!

61 Kwakungaleyondlela kuMariya ngalokho kusa, kufanele ukuthi kukhona okwenzeka ngenkathi ecabanga ngaYe, futhi lapho wabonakala ebukhoneni bakhe. Kwakuyinto efanayo ngoMose njengoba kwakunjalo ngoMariya. Yathi, "Uzokhulelwa esizalweni sakho, futhi uzale umntwana."

62 Manje, wayazi ukuthi umlayezo weNgelosi wawungokomBhalo. Angikhathali ukuthi kwakuluhlobo luni lwengelosi eyabonakala, uma lowomlayezo wengelosi ungekho ngokomBhalo nesithembiso sikaNkulunkulu, kuyeke kanjalo. Kube khona zonke izinhlobo zezingelosi ezivelayo, yonke into, futhi ziletha zonke izinhlobo zemilayezo. Uma iNgelosi yeNkosi, engiyinceku yayo, ibingeza, uma leyongelosi ibingafika, akunandaba ukuthi yayibukeka kanjani ifana neNsika yoMlilo, ukuthi yayibukeka kanjani ifana nokuKhanya, uma umlayezo wayo ungazange ufakaze ngaleliZwi, bengiyoyiyeka futhi ngiyiyeke ibe ngeqalekisiweyo, ifanele ibe ku*Lokhu*. UJoseph

Smith, niyazi, wabona ingelosi, washo, kodwa ayizange ifakazelane ngeZwi.

63 Futhi uMariya wayekwazi lokho, wayesanda kufunda nje ngayizolo, u-Isaya 9:6, ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka. Futhi wayazi ukuthi kwakusendleleni yakho ngaleyonkathi.

64 UMose, ngokufanayo, ngenkathi eselahle onke amathemba ngesayense yakhe yezenkolo, futhi wayengemuva kogwadule, elusa izimvu zikaJethro, futhi ngoluny'usuku wabona i—iBhola loMlilo lihlezi esihlahleni emuva lapho, futhi uyenyuka futhi wakhumula izicathulo zakhe njengoba wayeyaliwe, futhi walalela ukuze abone ukuthi kwakuyini. Kodwa ngenkathi ebona leyoNgelosi yayingokomBhalo, yathi, "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi futhi Ngisikhumbulile isivumelwano saMi," wayazi ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, futhi kwaku. . . leyo kwakuyiNgelosi eyayizohamba naye.

65 "Ngiyasikhumbula isithembiso saMi nesivumelwano saMi. Ngizibonile izinhlupheko zabantu baMi, futhi Ngehlile ukubakhulula." UMose wazi ukuthi kwakungesiso esakhe, ngenxa yalokho "*Nge*hlile ukuba ngibakhulule." O, leyo yingxenye enhle. "*Ngi*yehla. Yiba ngumlomo waMi nje." Ngakho wabona ukuthi kwakungokomBhalo ngokoqobo.

66 Futhi uMariya wabona ukuthi kwakungokomBhalo ngokoqobo, ngokuba ngayizolo ubekade ekufunda, mhlawumbe, emBhalweni ogoqwayo, njengoba umdlalo wethu omncane wasesiteji uhamba. Ngiyanitshela, kuyakhokhela ukufunda iZwi likaNkulunkulu, nsuku zonke manje. UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi."

67 Ngenye indlela, Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi," lokho kwakufanele kwenziwe ngenkathi Efika, "khona-ke ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi, nakuba ningaNgikholwa, kholwani yimisebenzi, ngoba yiyo ethunyelwe nguNkulunkulu."

68 Sibheke isivakashi saseZulwini ngalolusuku; yisithembiso sikaNkulunkulu. Yembathani okujulile kwenu, ukucabanga kokomoya ngokushesha, bandla, futhi khumbulani, manje sibheke isivakashi, futhi baningi abakushoyo. Kodwa indlela kuphela esiyoyazi ngayo lesisivakashi saseZulwini, ngoba siyofakaza ngeZwi. Kunjalo impela.

69 Wayazi ukuthi leyoNgelosi yayivela kuNkulunkulu ngenkathi ebone isenzo saYo. WaYibuka, kufanele kube yiNgelosi. Yathi, "NginguGabriyeli, ngimi ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Manje, lapho uNkulunkulu elungiselela ukwenza okuthize, Uthumela isithunywa, njalo. Ubehlale njalo, Uzokwenza njalo. UGabriyeli wamemezela ukuFika kokuqala kukaKristu, uGabriyeli uzomemezela ukuFika

kwesibili kukaKristu. Kunjalo. Into ethize enkulu ilungiselela ukwenzeka.

70 Futhi siyaqaphela leNgelosi, ngenkathi ithi "Yethi Mariya," futhi yamtshela okwakuzokwenzeka, akayingabazanga, ngoba wayazi ukuthi yayingokomBhalo ngokuphelele, ukuthi kwakufanele kube ngaleyondlela.

71 Manje, sibheke isithunywa kulolu izinsuku zokugcina, ngoba uJesu wathi kuyoba njalo, ngoba bonke abaprofethi bathi kuyoba njalo, uMalaki wathi kuyoba njalo, bonke abaprofethi ufakazile. UJesu kuso impela isithunzi sesiphambano wakhuluma kakhulu ngokuFika kwaKhe kwesibili kunoma Enza ngokumuka kwaKhe. Futhi lapho sibona lezizinto ziqala ukufezeka, kungcono sihambe siyohlola umBhalo, ngoba Wathi kuyobakhona oKristu bamanga abavukayo nabaprofethi bamanga, futhi uyobonisa izibonakaliso nezimanga, ngangokuthi kuyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka.

72 UBilly Graham washo emlayezweni, lapha emavikini ambalwa edlule, "Sekuvele kubadukisile abaKhethiweyo impela." Ngiyehluka kumvangeli, angeke kudukise abaKhethiweyo impela, ngoba bakhethwe nguNkulunkulu.

73 UJesu wakhuluma lokho ngezinsuku ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu, kuyoba njengoba kwakunjalo eSodoma. Futhi njengoba sikuthathile ngaphambili, lokugcina . . . leli, kuleliviki, ukuthi kwakukhona iNgelosi eyafika eSodoma, ezintathu zazo, ngezigaba ezintathu zabantu. Esinye sazo kwakungabaseSodoma, esinye kwakuyibandla elisivivi, esinye kwakuyiBandla elikhethiwe nelibizelwe ngaphandle; U-Abrahama neqembu lakhe, uLoti neqembu lakhe, neSodoma neqembu labo. Bonke . . .

74 Ezimbili zazo zehla, abavangeli behla ukuyoshumayela eSodoma, futhi, ukukhipha leloqembu labantu, lamakholwa, ezansi lapho, nje wakhipha abambalwa babo.

75 Kodwa siyaqaphela, ukuthi Lowo owahlala ngemuva eBandleni elikhethiwe, Wakhombisa isibonakaliso. Futhi kwakunguNkulunkulu enza lokho, Kwakungesiyo inganekwane, Kwakungesiwo umzimba-moya, umzimba-moya awudli. Udla inyama yethole, futhi udla iqebelengwane, isinkwa sommbila, nebhotela kulo, futhi aphuze ubisi oluvela enkomazini. Umzimba-moya awudli uphuze, KwakunguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Impela kwakunguye.

76 Futhi Wayekhuluma ini na? UJesu wathi, "Njengalolosuku, kuzoba njalo," uNkulunkulu uzofika futhi, angene enyameni yabantu baKhe Abathengile futhi wabangcwelisa, futhi uzokhombisa eBandleni laKhe elikhethiweyo isibonakaliso esifanayo Asikhombisa eBandleni laKhe elikhethiwe emuva lapho.

77 Kwakungekho, "Phuma kukho," kwakungekho *lokhu*, *lokho*, wayesevele ephumile kukho, u-Abrahama wayesephumile. Kodwa ezinye izingelosi zazibizela ngaphandle, zibizela ngaphandle ezansi lapho, kodwa u-Abrahama wayesevele ephumile. Futhi iBandla, lona impela igama elithi *ibandla* lisho "ababizelwe ngaphandle," iBandla likaNkulunkulu selivele libizelwe ngaphandle, Libizelwe ngaphandle.

78 Futhi Wamnika isibonakaliso ukuthi WayenguYe. Futhi ngenkathi Ekwenza, Efulathele, Washo (uSara wayesethendeni emva kwaKhe, ehleka.), ngamandla, into efanayo uJesu ayibonakalisa ekufikeni kwaKhe, yabonakaliswa kubo bobabili umSamariya nakumJuda, futhi kubikezelwe ukuthi ngalolu izinsuku zokugcina ukuthi Uyothumela isiThunywa saKhe futhi. NalesosiThunywa kulobubusuku asisuye umuntu, qhabo mnumzane, NguMoya oNgcwele, leso yisiThunywa saKhe. UNkulunkulu eBandleni laKhe, ehamba, ekhombisa izibonakaliso nezimanga ngaphambi nje kokubonakala kwaKhe.

79 Manje, khumbulani, leNgelosi izofanele ibe yiNgelosi yangokomBhalo. Ngaphandle kwalokho, sexwayiswa nguNkulunkulu ngababaprofethi bamanga, iBhayibheli lathi, "Uma kukhona umuntu phakathi kwenu ocabanga ukuthi ungumprofethi," noma kanjalonjalo, "futhi akushoyo akufezeki, khona-ke ningamesabi, aNginaye. Kodwa akushoyo kuyafezeka, khona-ke Nginalowomprofethi, muzweni." Lelo yiqiniso.

80 Ngakho, siyathola namhlanje ukuthi lowomlayezo ungumlayezo weqiniso weBhayibheli. Kubuyele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, kubuyele emandleni kaNkulunkulu, kubuyele ePhentekoste futhi, ebuyisela izinhliziyo zawoyise zibuyele kubantwana, noma, abantwana babuyele koyise, njalo, ngalolu izinsuku zokugcina. Sibheke isiThunywa saseZulwini, futhi ngikholwa ukuthi Silapha kulobubusuku. Amen. Ngiyakholwa ukuthi Silapha. Senzani na? Siyafakaza.

81 Manje lalelani, bangane, ungathathi isibambiso, ungaxhawuli nje isandla somuntu, bese ufaka igama lakho encwadini. Lokho ngukuthi—lokho ngukuthi—lokho kukuthi—lokho ngukuthi, lapho kuhamba njalo, lokho kulungile. Ngingahle. . .Kungahle kukusize uphume enkantini, futhi ungene endaweni ehloniphekile, futhi uzame ukuphila kahle, lokho ngeke kukwenze nokho, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone ngisho uMbuso kaNkulunkulu."

82 Manje, *ukubona* kusho, "ukuqonda." Kunenqwaba yabantu abathi bazelwe ngokusha, futhi abakwazi ukuqonda uMlayezo kaNkulunkulu, abakwazi ukubona iNgelosi yeNkosi, amehlo abo aphuphuthekile, mfowethu, uma umuntu engazalwa nguMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele ofanayo owaloba iZwi

uzoqinisa iZwi, nokuqinisa okufanayo kukaMoya oNgcwele kuwe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Liyozifakazela Lona uqobo.

83 Khona-ke umoya wethu ufakazelana noMoya waKhe, ngoba uMoya waKhe uyafakaza ngeZwi laKhe. "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kakhulu," amaHeberu 4, "kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lize lahlukanise nomnkantsha wethambo, Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Lokho ngukuthi, ISHO KANJE INKOSI, iZwi leNkosi, impela nje, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, ebonakala eBandleni laKhe elikhethiweyo.

84 O, sinezimvuselelo ezinkulu zishanela amazwe ndawo zonke, zibiza baphume eSodoma, kanjalonjalo, kodwa eBandleni elikhethiwe sinalowoMuntu, uNkulunkulu, uNkulunkulu ofanayo owayesemuva ngaleya. Munye kuphela owabo, futhi Lowo wayeseBandleni laKhe ezibonakalisa Yena uqobo ukuthi uyiNkosi uJesu Kristu ovukileyo, onguye izolo, namuhla, naphakade. NgokomBhalo!

85 Uma Wayengekho kanye nomBhalo, akafakazanga ngomBhalo, akaliqinisanga iZwi laKhe, khona-ke bengingeke ngiMkholwe, kodwa ngokuthi Uyakwenza, khona-ke ngiyazi ukuthi Uvela kuNkulunkulu, njengoba nje kwenza uMariya, amen, o, njengoba kwenza uMose, noma yimuphi wabo bonke abanye.

86 Uma kwakungesikho ngokomBhalo, manje, emuva eTestamenteni eLidala babenendlela engaphezu kweyodwa yokuthola. Uma umuntu ephuphe iphupho, noma umprofethi waprofetha, niyazi ukuthi benzani ngalokho na? Babehlisela phambi kwe-Urimi neThumimi eyayilenga esigxotsheni. I-Urimi neThumimi kukholakala ukuthi kwakuyilawomatshe okuzalwa ayishumi nambili kokuka-Aroni ukuzalwa-. . . , noma, isivikelo sesifuba sakhe, iphethe itshe lokuzalwa lomuntu ngamunye.

87 Wayese-ke eyilengisa esigxotsheni, futhi uma umprofethi esukuma futhi waprofetha, futhi akunandaba ukuthi kuzwakala kuyiqiniso kanjani, uma okungaphezu kwemvelo kungazange kuphendule, isibumbatha seziNkanyiso zothingo lwenkosazana nxazonke, nalawa ekhazimula *kanjalo*, akunandaba ukuthi umprofethi wathini, wayenephutha; akunandaba ukuthi umphuphi waphuphani, kwakuyiphutha. Kodwa uNkulunkulu njalo uphendula ngendlela engaphezu kwemvelo. Amen.

88 Manje, nalobobupristi baphela, ne-Urimi neThumimi kwehliswa, kodwa uNkulunkulu unenye i-Urimi neThumimi, *Lena* yiyo. IZwi likaNkulunkulu liyi-Urimi neThumimi, lelo yiZwi likaNkulunkulu. "Onke amazwi omuntu mawabe amanga futhi awaMi abe yiqiniso," kwasho uNkulunkulu. "Kodlula

amazulu nomhlaba," kwasho uJesu, "kodwa iZwi laMi alisoze ledlula."

89 Manje, khona-ke uma omunye ekhuluma futhi kungesikho ngokomBhalo, ungakukholwa. Uma ekhuluma futhi kungokomBhalo, awume kancane, kuvivinye nge-Urimi neThumimi, khona-ke uma okungaphezu kwemvelo kuphendula ukuthi kuyiqiniso, khona-ke kukholwe. Yileyondlela yokukholwa uMlayezo weqiniso. Uma iBhayibheli lethembisa noma yini neBhayibheli lithi kunjalo, leyo yi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu, uma umshumayeli eshumayela, eshumayela, njengoba kwasho iBhayibheli, leso yisithunywa sikaNkulunkulu, ufakazi kaNkulunkulu, khona-ke uma kunjalo, khona-ke okungaphezu kwemvelo kwaleloZwi kuyobonakaliswa futhi kuzifakazele ukuthi nguNkulunkulu. UNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe.

90 Sibheke isiThunywa, lesosiThunywa nguMoya oNgcwele. IBhayibheli lathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," uJesu wakwenza, "nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza, eminingi kunalo niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi." Manje, igama lapho *eminingi*, ekuhunyushweni okuyikho, ngiyalisebenzisa lapho, "neminingi," ngoba Kwasho kwiKing James *emikhulu*. Ubani owayengenza noma yimiphi emikhulu na? Wavusa abafileyo, wamisa imvelo, wenza yonke into.

91 Kodwa manje-ke WayekuMuntu oyedwa, konke okukaNkulunkulu kwavalelwa kuMuntu oyedwa, uJesu Kristu, kodwa ngalesisikhathi Ungaphesheya komhlaba nezulu eBandleni laKhe, enza okuningi kwakho, imisebenzi efanayo. "Imisebenzi efanayo engiyenzayo Mina nabo bayakuyenza, eminingi kunalo Ngiyakuyenza, ngoba Ngibuyela eNsikeni yoMlilo eNgangiyiyo ngaphambi kokuba Ngenziwe inyama futhi ngakha emhlabeni. Ngazibonakalisa Mina uqobo ngiphila ngemisebenzi efanayo nezibonakaliso ezifanayo eNgazenza." Kunjalo impela. UJesu wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Kulungile.

92 Uma WayenguNkulunkulu, kwakhulunywa ngaYe lapho ngolunye usuku, futhi babekhuluma kuYe ngokuthi akakabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala okwamanje futhi wabona u-Abrahama, Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." *NGINGUYE* owayeyileyoNsika yoMlilo eyayisesihlahleni noMose, leyo kwakuyiNsika yoMlilo yangokomBhalo. Lokho okufanayo uNGIKHONA, hhayi ukuthi "Ngangikhona," noma "ngiyobakhona." "NGIKHONA njalo nje nginguye izolo, namuhla, naphakade."

93 Siyabona ngenkathi uNGIKHONA wenziwa ubukhona

phakathi kwethu eMzimbeni weNdodana yaKhe uQobo Ayidalayo, uMzimba uQobo, weqa ukuba umlingiswa kwaKhe esuka kuNkulunkulu ukuba abe ngumuntu, ukuze asibuyisele ensindisweni futhi sibuyele ensimini yase-Edene futhi, waziweza Yena uqobo, wendlala amathende aKhe phakathi kwethu, futhi udla njengathi, futhi walala njengathi, futhi wahamba njengathi futhi wabukeka njengathi, Uba yithina, ukuze thina ngaYe singahle sibe nguYe, izindlalifa kanye naYe eMbusweni.

94 Manje-ke, lapho sithola leyoNsika yoMlilo, ngenkathi YayinaYe, Yenza izibonakaliso nezimanga, futhi Wavuma, "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi. Ngokuba ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, ize Ibone uYise ekwenza, nayo. NeNdodana yenza lokho uBaba aYikhombisa khona. Yena uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Amen. Kunjalo.

95 Wafa, wavuka futhi ngosuku lwesithathu. Futhi ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho kwakukhona umJuda ogxeka kancane, onekhala eliyihhuku, nesigejane sezinto ephaketheni lakhe, ehla ukuyohlupha iBandla, bonke labo owayekuleNdlela. Waphuma ukuya, endleleni yakhe eya eDamaseku, futhi washaywa walahlwa phansi, futhi lapho ebheka phezulu, wabona iNsika yoMlilo enkulu ilenga lapho, ithi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani, Nkosi na? Ingubani leNsika yoMlilo na?"

"Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu." Wathi, "NginguJesu, futhi kul'khuni kuwe ukukhahlela ameva."

96 Umprofethi wathi kuyobakhona imvula yokuqala nemvula yamuva. Futhi emvuleni yakamuva kuyoba yikho kokubili eyokuqala nemvula yakamuva ndawonye, iBandla elikhulu, lomhlaba wonke, eyoshwibeka isuka kolunye uhlangothi lwezwe iye kolunye uhlangothi lwezwe, uMlayezo omkhulu, izibonakaliso ezinkulu nezimanga, ziyofezwa yileliBandla. UDaniyeli wathi abantu abamaziyo uNkulunkulu wabo ngalolosuku bayokwenza okuningi. Yilapho impela esiphila khona kulolusuku.

97 Manje, iso lomshini wekhamera likhombisa phezu kwethu ukuthi leyoNsika yoMlilo iyiNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Manje, Ifanele yenze izinto ezifanayo Eyazenza ngenkathi IkuYe, kungenjalo Ayisiyo iNsika yoMlilo efanayo. Kodwa uma Yenza izinto ezifanayo, ningaYingabaza kanjani na? IngokomBhalo.

98 "Yethi, Mariya, ubusisiwe wena phakathi kwabesifazane. Ufumene umusa kuNkulunkulu." O, Bandla, yethi, ubusisiwe wena phakathi kwabantu, ngoba ufumene umusa kuNkulunkulu. Ukholwe ukuPhila okuPhakade,

noNkulunkulu ukunike umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo. LesisiThunywa siyoba yisiThunywa sikaNkulunkulu seqiniso, uMoya oNgcwele, okunguMlayezo kaNkulunkulu.

99 Qaphelani, uMariya, wathi nje angabona ukuthi kwakungokomBhalo, akashongo ukuthi, "Ngizoya ngale futhi ngibone ukuthi ngabe uDkt. Jones uthi kulungile noma qha." Akahambanga ukuyobona ukuthi uRabi Kabinski wayecabanga ukuthi kwakulungile noma qha, wayengahlanganise lutho nakho. Niyazi ukuthi wathini na? Wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi; makube kimi njengezwi lakho." Ngokuba wayazi ukuthi iZwi laliyiZwi likaNkulunkulu, lesosiThunywa sasiyisiThunywa sikaNkulunkulu, leyoNgelosi yayiyiNgelosi kaNkulunkulu, ngoba yahlala neZwi likaNkulunkulu. Amen. "Bheka incekukazi yeNkosi." Yathi, "Kuyoba kanjani na?"

Yathi, "UMoya oNgcwele uyakukusibekela, naleNto eNgcwele ozoyizala iyakuthiwa iNdodana kaNkulunkulu."

100 Wathi, "Ngilapha, angazi ukuthi kuzokwenzeka kanjani, akwenzi mehluko, uthi kunjalo, kungokomBhalo, ngiyakukholwa, ngiyakwemukela." Waqala khona lapho edumisa uNkulunkulu, ngaphambi kokuba ezwe ukuphila, ngaphambi kokuba ezwe noma yisiphi inkomba yanoma yini, wayengasafune zibonakaliso, wayeneZwi laKhe futhi yilokho kuphela okwakudingeka. Amen. Ngiyakuthanda lokho.

101 UMose, wathi nje angathola uNkulunkulu futhi wabona ukuthi kwakungokomBhalo, lapha waya eGibhithe.

102 Wathi nje uMariya angabamba i, i—iNgelosi yambamba, njalo, futhi wayibona, futhi wazi ukuthi kwakunguNkulunkulu, ngoba kwakungokomBhalo, wathatha izwi layo futhi wahambahamba efakaza ngento ethize eyayingakhombisanga ngisho nobubodwa ubufakazi bokuthi yake yaba khona.

103 Enye into, wafakaza ngento ethize eyayingakaze yenzeke ngaphambilini. O, ayibongwe iNkosi! Wafakaza ngento ethize eyayingakaze yenzeke, yayingakaze ikhulelwe intombi. Kodwa wayenezwi leNgelosi, neNgelosi yayingokomBhalo, ngakho wazi ukuthi kwethenjiswa. NeNgelosi yayineZwi leNkosi futhi yalethembisa. Futhi ngoba wayecabanga ukuthi uthobekile futhi uphansi, nokho uNkulunkulu wayemkhethile, ngakho nje wayejabule ngakho.

104 Futhi waphuma nomlayezo wakhe, etshela wonke umuntu ukuthi wayezoba nengane ngaphambi kokuba ngisho abe nenkomba yokuqala yengane. Akalindanga, futhi athi, "Manje linda, ake ngizwe, ngibone ukuthi ngizizwa ngingcono noma qha." Qhabo, qhabo. O, Nkulunkulu, siphe oMariya abaningi!

105 IBeaumont nezwe lonke kudinga oMariya onjalo, ongathatha uNkulunkulu eZwini laKhe futhi aqale ukuthokoza ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini. Kuthiwani ngani besifazane enisezihlalweni ezinamasondo, nani bafowethu nodadewethu

lapha onenkathazo yenhliziyo, nokugula, nakho konke, lapho uBukhona beNkosi busondele kakhulu na? He, he! Niyazi ukuthi yiZwi leNkosi, iNkosi yakwethembisa.

106 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uma uzokwehla futhi ubeke izandla phezu kwami!" Akusikho lokho, usuvele uphulukisiwe ngoba "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu, Yachotshozwa ngobubi benu, isijeziso sokuthula kwenu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo niphulukisiwe." Sekuvele kuyinkathi edlule.

107 Kwemukele nje bese uqala ukuthokoza. "NgiyaKubonga, Nkosi, manje sengiyakubona. Akabusiswe uNkulunkulu, ngiphulukisiwe, angikhathali ukuthi noma ubani omunye uthini noma ngizizwa kanjani, ngiphulukisiwe, noma kanjani." Yilokho-ke.

108 UMlayezo weNgelosi, ubulokhu ungaleyondlela, yileyondlela uNkulunkulu ayifunayo. Kwenzani na? Uguquko. . .Ngokuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, kwaguqula yonke indlela yemvelo yokuphila kuye. Liyonenzela into efanayo, lizokwenza impela. Lizothatha wena soni, futhi likugeze ubemhlophe njengeqhwa. Lizothatha wena, mgxeki, futhi likwenze ube ngomunye wethu, impela liyokwenza. Lizothatha wena ogulayo futhi likusindise. Liyothatha wena osendleleni yakho eya esihogweni futhi likuguqule nxazonke, likuqale ukhuphulele eZulwini. Mthathe nje eZwini laKhe, futhi ukukholwe, futhi uqale ukuthokoza.

109 IsiThunywa seNkosi silapha, uMoya oNgcwele, uhambahamba phezu kwabantu, ubagcoba. Uma uyisihambi, ufuna ukwazi ukuthi yini indaba ngalabobantu, kuyilokho-ke. UJoweli wakwethembisa. NgoSuku lwePhentekoste uPetru wathi, "*Lokhu* yi*Lokho*." Ngifuna ukwengeza okuthize kulokho: Uma *Lokhu* kungesikho *Lokho*, ngifuna ukugcina *Lokhu* kuze kufike *Lokho*, ngoba nginesikhathi esimnandi kabi nga*Lokhu*. Futhi ngikholwa ukuthi *Lokhu* yi*Lokho*, okufanayo *Lokho* okwakuyi*Lokho* ngaloloSuku. O, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

110 UMariya akalindanga, wayengenandaba ngabagxeki, wayengenandaba ukuthi noma ubani wayetheni, wayehlangane neNgelosi. Walibona iPhimbo laYo, noma, wabona uBukhona baYo, futhi wazi ukuthi yamtshela iqiniso ngoba kwakungokomBhalo, yathembisa isibusiso kuye, qhubeka nje, kukholwe, futhi wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka. O, yena. . . Kukhona okuthize okunye ngakho, lapho ushaya into ethize enjengaleyo ungeke wathula ngakho.

111 INgelosi yamtshela ukuthi umzala wakhe u-Elizabethe, wayesenhla ezweni elinamagquma laseJudiya, wayesemdala, cishe eneminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, futhi wayekhulelwe futhi wayezoba nendodana. Kwase kuvele

kuyizinyanga eziyisithupha yena njengomama. Kusobala, ingane encane, uJohane omncane, wayengakabi nakho ukuphila nokho, bathi ukukhathazeka ngakho.

112 Ngakho sithola ukuthi u-Elizabethe, uZakariya wayengumyeni wakhe, owayengu—ngumpristi, wayesethempelini cishe izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba lokhu kwenzeke. Niyazi, uNkulunkulu uthola ukuhlanganisa izinto phakathi kwabantu abathobekile.

113 Bukani uZakariya, manje, iNgelosi, uGabriyeli, weza kuye, wayesethempelini ekhonza, futhi ngenkathi enza, ukushisa impepho kwakuyisabelo sakhe, emi e-altare, futhi kwenzeka wabuka ngakwesokudla, e*sokudla* se-altare (Ngiqagele niyamangala njalo ukuthi kungani ngiletha abantu nga*le*ndlela, yilapho Imi khona.), ngakho, ngakwesokudla se-altare, futhi nakho kumi iNgelosi, futhi yamtshela ukuthi emva kwezinsuku zenkonzo yakhe lapho, wayeya ekhaya futhi abe nomkakhe, futhi wayezokhulelwa futhi azale indodana, umntwana.

114 Nalowomshumayeli walingabaza leloZwi. Ngani, wayenezikhathi eziningi, uma wayezoba nguyise womntwana, buka uSara, wayenezibonelo ezithile eBhayibhelini, bukani uHana ethempelini, izibonelo eziningi ezinjalo, futhi wayesalokhu engabaza.

115 Kwakungumehluko ongakanani kulowothisha ononya wolwazi lokudabuka kwezinto, ukuthi ungakanani umehluko owawukhona kulowomfundisi wekholiji, kunoma wawukhona kuleyontombi encane! Owesifazane akazange abuze, wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi." Yilokho kuphela. Wamthatha ezwini lakhe, nalokho kwakuxazulula, kodwa lendoda ayikukholwanga.

116 Wathi, "NginguGabriyeli omi eBukhoneni bukaNkulunkulu, izwi lami liyakugcwaliseka!" Mm! Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wathi, "Ngoba ungingabazile, uyoba yisimungulu kuze kube lusuku umntwana azalwa ngalo." Waya ekhaya, umkakhe wakhulelwa futhi wazifihla, izinyanga eziyisithupha.

117 UMariya wacabanga, "O, akumangalisi lokho na? Manje ngizoba nengane, futhi lapho u-Elizabethe, umzala wami," uJesu noJohane babengabazala besibili, "lapho, ngiyakutshela, kuzomangalisa, ngenxa yokuthi uzoba nengane, futhi ngizoba nengane. Angisakwazi nje ukukubamba, ngikhuphukela ngqo ukuyomtshela." Washo wahamba wakhuphuka intaba ngqo, wahamba ngamandla akhe onke. Ngiyabubona nje obuhle, ubuso obuncane buyacwebezela, wayethi nje akabe neminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, ngiyacabanga, nezinwele zakhe ezimnyama ziphephukela emuva *kanjalo*. Futhi wayesendleleni yakhe, lengubo ende encane ezisonge ngayo.

118 Futhi niyazi, u-Elizabethe wayezifihlile. Ngithi ukukuthanda lokho. Ngicabanga ukuthi kubukeka kuyihlazo

kakhulu ukubona abesifazane phandle njengalapha begqoke lezizikhindi, nezinto, lapho bezoba ngomama, kubukeka kudabukisa. Umehluko onje pho! Kubi kabi. Ngiyazi ukuthi ku . . . ubungafanele . . . Bengingafanele . . . mhlawumbe bengingafanele ngikusho, uma ngikukhubekisa, ngithethelele, kodwa ubuyolalela udokotela wakho, ngingumfowenu, niyabo.

119 Ngakho lapho owesifazane ekulesosimo, kodwa wazifihla. Sengathi ngiyambona ehlezi emuva lapho, niyazi, ethi ukuhlohla kancane, nge, enitha okuncane, kuyini na? Amabhuzu amancane, niyazi, ewalungiselela onke kanjalo, futhi enitha ublankethe omncane. Kodwa wayesaba, ngoba wathi, "Manje, sengimdala futhi . . . "

120 Qaphelani, iNgelosi yeNkosi . . . Babelungile, iBhayibheli lathi, yena noZakariya, babelungile, begcina yonke imiyalo kaNkulunkulu. Yilapho iziNgelosi zibonakala khona, njalo zibonakala emndenini olungileyo, ndawondawo lapho uNkulunkulu engasebenzisa okuthile, into ethize ukusebenza ngayo.

121 Kwase kuthi-ke, wayenza lamabhuzu amancane. Futhi ngiyacabanga kwakukhona ifasitela elincane, njengoba linjalo ePalestine ngesinye isikhathi, qhabo, kwakungekho ukukhanya kulo, kodwa nje isisithezi esincane silenga, futhi wezwa into ethize, wasukuma futhi wabuka okhuphukayo, wayesethi, "Uyazi, ngikholwa ukuthi lowo ubukeka njengomzala wami uMariya. Buka ubuso bakhe obuncane bukhazimula. Ngani, usekhulile! Ngiyezwa ukuthi uzoshada." Ngakho kufanele ukuthi bekuyilokho . . . "Awu, ungowesifazane osemusha, kodwa lowo nguMariya." Ngakho wembatha ingubo yakhe ende encane, niyazi, wayesephuma egijima ukuyomhlangabeza.

122 Futhi abesifazane ngalezozinsuku abanjengoba benjalo manje, niyazi, bona, ngi—ngi . . . bagijima base begaxana ngezingalo zabo futhi bagonana. Niyazi, ngiyabuthanda ubungani, anibuthandi na? Ngi—ngiyakuzonda nje ukubona lento endadlana, ewubuthutha kuloluhlobo luka 1960 lobungani. O, he, akwenele. Manje, nina eningabaseningizimu ezansi lapha aniqapheli kabi kangako, kodwa phezulu lapho, o, he!

123 Ngaya kumalume wami lapha esikhathini esingeside esedlule eNew York, wayekade ehlala endlini eyodwa iminyaka engamashumi amabili, nomakhelwane wakhe esondele njengaleloflege laseTexas *lapho*, kuye, ngase ngithi, "Ubani ohlala lapho na?"

Wathi, "Angazi."

Ngathi, "Uwile emseni." Ngathi, awu ngathi, ngathi, "Ngakho usehlale isikhathi eside kangakanani lapho na?"

Wathi, "Wayelapho ngenkathi ngifika lapha." Awazi ukuthi umakhelwane wakho ufile uze ukufunde ephepheni. Kunjalo. Abukho ubungani.

124 Lapha esikhathini esingeside esedlule, uMfowethu Moore, nami, uMfowethu Brown sehla ukuyobona umfana omncane ogama linguDavid, eminyakeni embalwa edlule ezansi lapha eCali-. . ., noma, eFlorida, babenathi phandle lapho. Futhi—futhi uMfowethu Hoekstra, ngikholwa ukuthi kwakunguye, wangitshela, wathi, "INkosazana ifuna ukukubona."

Futhi ngathi, "U*bani* na?"

Wathi, "INkosazana."

Ngathi, "Yini leyo na?"

Futhi wathi, "Ngowesifazane ongumnikazi wayo yonke lempahla." Wathi, "Ucebile."

"Awu," ngathi, "Angeke ngimbone, kunabaningi kakhulu abantu abagulayo."

Wathi, "Kodwa uyiNkosazana!"

Ngathi, "Lokho akumenzi ehluke kunoma ubani omunye."

125 Ngakho wathi. . .Awu, babenayo lapho ngenkathi ngiphuma. Futhi ngenkathi ngiphuma. . .Anginjalo, manje, uNkulunkulu angithethelele uku. . .uma ngi. . . nicabanga ukuthi ngihlekisa ngowesifazane, anginjalo, kodwa wayenobucwebe obenele ezandleni zakhe ukuthumela isithunywa senkolo emhlabeni jikelele izikhathi eziyishumi, ngeVangeli. Njenge. . .Emi phandle lapho, futhi wayefake ipheya lezibuko, wayengazifakile, kodwa wayenazo endukwini eyibambe *kanje*, elikhulukazi elindala, inenekazi elikhuluphele, futhi liyaphuma.

Ngaphuma ethendeni, ngase ngithi, "Awu, anginaso isikhathi sokulibona. Uma nginesikhathi esisele, mangibone labobantu abagulayo phandle lapho," niyabo.

Futhi wathi, "Kodwa liyakuvumela ube nenkundla."

126 Ngathi, "Awu, lokho kulungile, uma uvumele uDavid abe nenkundla, siyakuthakasela lokho. Kodwa likahle, akukho lutho olungalungile kuye, ake ngibone lababantu ezansi lapha."

Awu, babefuna ngilibone, ngakho ngenkathi ngiphuma, lathi, "Ungu*Dkt*. Branham na?"

Ngathi, "Qhabo, mem." Ngathi, "NginguMfowethu Branham."

127 Wathi. . .Manje, uyazi akukho-muntu ongabuka ngepheya lezibuko kude *kangako* ukuqhela kuwe. Futhi wabuka ngale *kanje*, wathi, "Awu, *Dkt*. Branham," uthi, "Ngi*hungekile*."

128 Ngafinyelela phezulu, ngase ngibuka lesosandla, lelula isandla salo ukuba sixhawulane, awu, ngacabanga ukuthi

ngizoba ngumnumzane ohloniphekile, ngabamba isandla salo esikhulu ngase ngisidonsela phansi, ngathi, “Sehlisele lapha ukuze ngizokwazi ngokuzayo lapho ngikubona,” kanjalo. O, ngi—ngithanda okuthize kuzwa!

129 UPaul Rader, indoda eyabhala leliculo engilicula lapha, *Kholwa Kuphela*, wathi ngokunye ukusa yena nomkakhe babenodaba oluncane lomndeni, beqophisana kancane omunye nomunye, wathi into yokuqala uyazi, wayefunda iphepha, futhi owesifazane washo into ethize, “Paul, unganginika imali na?”

130 Wathi, “Anginamali.” Futhi waqhubeka kanjalo kancanyana, futhi wathi emva kwesikhashana, akazange aqaphele, futhi walimala imizwa yakhe, wathi ukuhlala lapho, wayesethi, “Awu, uma kulula kanjalo ukulimala kwemizwa yakhe, makahlale lapho.” Niyazi ukuthi senza kanjani, bazalwane, ngezinye izikhathi, ngiqagele.

131 Futhi ngakho, wayesethi-ke, yena . . . owesifazane wayehlala njalo ema emnyango futhi amange lapho ephuma, khona-ke wayeya esangweni, khona-ke lapho ephenduka, wayevayizelisa usale kahle, naye owesifazane wayevayizelisa usale kahle. Wathi wasukuma, wathatha isigqoko sakhe, wayesethi, “Myeke nje aphukule umlomo.” Wathi waya emnyango, wayesethi, wakhipha izindebe zakhe, wamanga, waphuma waya ekugcineni kwesango, waphenduka wayesebuka emuva, wathi wayemi emnyango, wathi wavayizelisa, naye owesizane wavayizelisa.

132 Wathi waqala ukwehla ngomgwaqo wayesethi *Okuthize* kuqala ukubhekana naye, “Wenze iphutha, Paul.” UPaul omdala bandla useNkazimulweni kulobubusuku. Kodwa wathi, “Wenze iphutha, Paul. Ukuba-ke bekungenzeka into ethize kuye namhlanje na?” Wathi wacabanga ngakho. “O, he, ukuba-ke bekungenzeka into ethize na? Ubungeke uphinde umbone emhlabeni.” O, he!

133 Wathi waba mubi kakhulu, waba mubi kakhulu, wayesethi-ke, “Nkosi, ngithethelele, ngizobuyela emuva futhi ngikulungise.” Wathi wagijima wabuyela emuva ngokukhulu ukushesha, wavula isango, washova umnyango wavuleka, waqalaza macala onke, wayezwa into ethize ithi, “*hhi*, *hhi*.” Futhi wathi wayemi emva komnyango, ekhala.

134 Wathi wafinyelela ngapha, akazange athi vu, wathi, “*mncwa*,” wamanga futhi, wagijima wabuyela emuva waphumela ekugcineni kwesango, futhi waphenduka, wavayizelisa, wathi owesifazane wavayizelisa, njengoba nje enze okokuqala, kodwa wathi, okwesibili waba nomuzwa kukho. Ngakho, ngicabanga ukuthi yileyondlela okungayo namhlanje, sifuna i . . . Ngifuna umuzwa kukho, into ethize eyiyo ngempela kimi.

Ngangi, esikhathini esingeside esedlule, mina nomkami sasisezansi nedolobha, kwakukhona inenekazi elathi, "Unjani, Dadewethu Branham na?"

Futhi ngamqalaza, ngase ngithi, "Hheyi, hheyi! Lelonenekazi likhulume kuwe, S'thandwa."

Wathi, "Ngikhulume nalo."

Ngathi, "Awu, ngiyazi alikuzwanga, angikuzwanga, ngihlezi khona lapha ngakuwe."

"O," wathi, "Ngilimoyizelele."

"O," ngathi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

135 Wathi, "Uyazi, Mariya, ngizoba ngumama."

"O, yebo, yebo," kwasho uMariya, amehlo akhe amancane ecwebezela, niyazi, futhi ingxenye egcwele izinyembezi zenjabulo, "yebo, yebo, ngazi konke ngakho."

"Wazi konke ngakho na?"

"Ya, ya, ngazi konke ngakho."

136 "Awu, kodwa Mariya, ngikhathazekile, sekuyizinyanga eziyisithupha ngami njengomama manje, nengane ayikaze inyakaze." Manje niyazi, yilokho kuphela—lokho konke akusikho okwemvelo. Cishe izinyanga ezintathu sekuthi akube kahle, kodwa lena yizinyanga eziyisithupha, noJohane omncane wayengakanyakazi nokho. Ngakho, wathi, "Ngikhathazekile nje kancanyana ngakho nakho konke."

Wathi, "Ya, ngi—ngiyakuqonda." Futhi wathi, "Uyazi, ngizoba neNgane, nami."

"O, ngiyabona, wena noJosefa senivele nishadile na?"

"Qhabo, asishadile."

"Ini, Mariya? Awushadile, futhi uzoba neNgane na?"

"Yebo, kunjalo."

"O, S'thandwa, uqonde ukuthini na?"

137 "Awu, ngendlela efanayo engazi ngayo ukuthi wawuzoba nengane, iNgelosi uGabriyeli yahlangana nami, futhi yangitshela ngodaba lwakho, futhi yathi uMoya oNgcwele uyofika phezu kwami, futhi Usuvele ukwenzile. NeNgane engizoba nayo izoba yiNdodana kaNkulunkulu." Futhi wathi, "Yaze wangitshela ngisho . . . Yangitshela ukuthi ngiYiqambe ngokuthini." Wathi, "NgiyoYiqamba iGama lokuthi nguJesu."

138 Futhi ngiyabubona ubuso buka-Elizabethe buyakhanya, wathi, "Uvelaphi umama weNkosi yami na? Ngokuba kuthe nje ukubingelela kwakho kungene ezindlebeni zami, umntwana wami wagxumagxuma ngokujabula esizalweni."

139 Ngifuna ukunibuza okuthize, bangane: Uma okokuqala ukuthi iGama likaJesu Kristu lake lakhulunywa ngezindebe

ezifayo lavusa ingane efile esizalweni sikanina, Bekufanele kwenzeni ebandleni likaNkulunkulu elizelwe ngokusha, elizisho ukuthi ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? Haleluya! Amen! Bekufanele kuphulukise umdlavuza, kuvule amehlo aphuphuthekile, kukhulule abalimele, kugcwalise ngoMoya oNgcwele, kwenze zonke izinhlobo zezinto, leloGama eliligugu leNkosi uJesu, lenza isoni sikhale izinyembezi ngezono zaso. O, he!

140 Sonke isixuku sibukeka kimi sengathi siyabhukuda ngapha, nangapha. O, uNkulunkulu abengakwenza khona manje! IsiThunywa sikaMoya oNgcwele kaNkulunkulu sisendlini namhlanje, isiThunywa, uMoya oNgcwele, eletha ukuthula, ebonakalisa uJesu Kristu. INsika yoMlilo enkulu ilenga phezu kwethu.

Wena uthi, "AngiYiboni."

141 UngaYizwa, ngakho umuzwa wakho owodwa—owodwa womzimba ukahle nje njengomunye. Ngakho, ukubona kwakho bekungakukhohlisa ngaphezu kwemizwa yakho. Ngakhoke uma kungenzi umsebenzi ofanayo, khona-ke akusiwo uMoya oNgcwele ofanayo; kodwa uma Wenza umsebenzi ofanayo, khona-ke NguMoya oNgcwele, Lowo ofanayo. Amen. Uyakukholwa lokho na?

142 Bangaki. . .? Ngabe zikhona izoni na? Bangaki phakathi lapha abangathanda ukuthi, "Ngingathanda ukujabulela lezizibusiso, ngihlale kuleNkazimulo yeShekina kanye nani bantu futhi ngijabulele izibusiso zikaNkulunkulu"? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, njengoba ukhuleka." UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu, wena, laphaya, nawe nawe. Kunjalo. Omunye phakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Lokho kuhle kakhulu.

143 Kulokhu ukusa ngisangena ekudleni kwasekuseni onomoya omuhle, umfana omncane weza wangigaxa entanyeni yami. Uyise ungomunye wabelusi lapha be-Assemblies of God, ngikholwa ukuthi usemsamo, ubenjalo kulokhu ukusa. Nomfanyana wabizelwa ngaphandle emihlanganweni ndawondawo, futhi wayenezinxemu, namehlo akhe amancane eqonde ngqo njengoba awami enjalo, lokho sekube yiminyaka edlule.

144 Nomunye umfowethu omncane wenyuka wase engixhawula, wathi intombazanyana yakhe yayinomphimbo ovuvukele omkhulukazi emphinjeni wayo ngenkathi ngangisezansi ebandleni likaJack Moore, futhi wathi uMoya oNgcwele wahambahamba, futhi wayibiza phandle lapho ezethamelini,

futhi wayitshela ukuthi isifo sokuvuvuka komphimbo savele sanyamalala futhi sangabonakala futhi sahamba; yayilapho-ke. O, he!

145 Kuyini na? Iyini leyoNsika yoMlilo na? YiNgelosi yeNkosi. Yini iNgelosi yeNkosi na? Ofanayo owayesesihlahleni esivuthayo, Lowo ofanayo owayekuJesu Kristu, Ofanayo okini kulobubusuku. Amen. Ofanayo lapha, iNkosi enkulu uJesu ofanayo.

146 Angabakhona omunye, ngaphambi kokuba sikhuleke, ungathanda ukuphakamisa izandla zakho, futhi uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, ngikhumbule"? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nomfana omncane emuva le, futhi le ngaphandle lapho, emuva le. Yebo. Noma ngabe ukuphi, uNkulunkulu uyazi.

147 Manje, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Futhi manje, Dadewethu, ungangidlalela leli: *INyanga ENkulu Manje Iseduze na*? Indlela nje yalo, uma uthanda, ngiyacela, Dadewethu.

148 Ngiyakhumbula eduze kwaseFort Wayne, noma, ngangiseFort Wayne, e-Indiana, kade ngisepulpiti, manje, iminyaka engamashumi amathathu nanye, lokhu sekucishe kube yiminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili eyedlula, ngangikhulekela umfana omncane, nalowomculo wawuqhubeka. Umfanyana waphulukiswa, wagxuma waphuma ezingalweni zami, efe uhlangothi, wagijimela ezansi, wagxumela ezingalweni zikanina.

149 Futhi ngenkathi enza, intombazane encane yaseDunkard yayidlala u—upiyano, futhi yaphakama, lezozinwele zawela phansi emathangeni ayo, *kanjalo*, yaqala ukucula eMoyeni, ne-og- . . ., noma, upiyano eyayiludlala, lezozinkinobho zamazinyo endlovu ziqhubeka ngqo, "INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo," amakhulu abantu emi ekubuka.

150 Kungengaphezulu futhi bekungeSonto lakuthangi eTabernakele lami, lapho abantu abangamakhulu amathathu kuya kwamane bemi lapho, naleNsika yoMlilo yavela yabonakala okwesibili eJeffersonville. Isikhathi sokuqala ngenkathi beYithatha ezansi emfuleni. Futhi lapho Yama imizuzu eyishumi nanhlanu, ivumela wonke umuntu aYibone futhi aYibuke. Mfowethu, sisekupheleni komgwaqo.

151 Baba wethu waseZulwini, siyeza manje, Nkosi, kuWe njengaseTsheni eliphilayo. Siyeza, Nkosi, ngenxa yokuthi siyakholwa ukuthi Unguye, noMvuzi walabo abaKufunisisayo. Sikhulekela izibusiso zaKho, sikhulekela ukuthi Uzosiza lezizethameli kulobubusuku. Nalabo abaphakamise izandla zabo, kwangathi bangaba ngabahlanganyeli baloMoya oNgcwele omkhulu, isiThunywa sosuku lokugcina.

152 "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama." Wakwethembisa. Ngezinsuku zokugcina Wathi kuyobakhona imvula yokuqala neyakamuva ndawonye, lokho ngukuthi, ngakwelinye icala lomhlaba nakwelinye icala lomhlaba, macala omabili, bekuyofika imvula, ingene emasimini angaphandle, kulamasimu bekuzofika imvula. Ngakho, sikholwa ukuthi lelohora lilapha. Sibona uMoya oNgcwele ubonakalisa izinto ezifanayo njengoba Enza ngenkathi Wayelapha ngaphambilini.

153 Busisa lababantu abathandekayo, Baba, ngiyakhuleka, yiba Wena seduze nabo, baphe ukuPhila okuPhakade. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe manje, eGameni leNkosi uJesu.

Amakhanda ethu ekhotheme, asikhuleke nje kancanyana.

> . . . Inyanga manje iseduze,
> uJesu onozwelo;
> Ukhuluma inhliziyo eyethileyo ukuba yename,

154 O, phefumulela kithi, Moya oNgcwele. Woza ungene ebandleni laKho, Nkosi Jesu, iNkanyezi yoKusa enkulu, iNsika yoMlilo, shisa indlela yaKho kukho konke ukungakholwa ungene ezinhliziyweni zabantu, kulobubusuku. Kwangathi bangaba njengoMariya, ukuthi bangabona uBukhona baKho futhi bazi ukuthi nguWe, khona-ke izithembiso zaKho zisalokhu zizinhle, zonke izithembiso. Wethembisa ukwenza lokhu. Isithembiso saKho sasingukuthi Ubusuvele ubaphulukisile, ngokuba—ngokuba Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zabo, nangemivimbo niphulukisiwe. Siphe khona, Baba, kulezizethameli ezilindile. Silindele Wena manje. Hamba hamba, eGameni likaKristu, ngiyakhuleka.

155 Nje ngibhekisisa imizuzwana embalwa, ngibone ukuthi kuzokwenzekani. O, kumnandi kangaka! Asiphakamise amakhanda ethu kalula ngempela manje. Bengilinde nina nithule. Bangaki abantu phakathi lapha ogulayo, futhi ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisani izandla zenu, ufuna uNkulunkulu akuphulukise. Isiqinisekiso sithathu, ngiyakholwa. Ngabe kunjalo, eBhayibhelini na? Uma ngikhulume iqiniso, ngashumayela iqiniso, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukusekela leloqiniso, uma lelo kuyiqiniso laKhe.

156 Manje, sinesigejane samakhadi omkhuleko phakathi lapha, asiwabizi, ngifuna nje nazi ukuthi akuthathi amakhadi omkhuleko. Buza abefundisi uma kukwenza, buza abafowethu abahamba nami ndawo zonke.

157 Sizobe sigibele sehla ngomgwaqo, ngizothi, "Awume! Kwelinye ikhona kuzoba nento *ethize*, indoda izobe imi lapho, inento *ethize*, ifuna ngiye endaweni *ethize* entweni *ethize*. Siya *ngapha*, *lokhu* kuzokwenzeka." Impela, akwehluleki neze. Ngeke nje kwehluleke, nguNkulunkulu. Manje, kwenzani na? Kuqinisekisa ukuthi Usenguye. Manje Akusimina, NguYe.

158 Angiboni muntu phambi kwami engimaziyo, ngaphandle uma kuyilamantombazanyana amabili, ngithi, ngikholwa ukuthi lawa amantombazane amabili kaMfowethu Evans. Akunjalo na? Khona lapha. Yilabo kuphela engibaziyo. Bengibuka nje ukubona ukuthi bengingabona noma ubani ebengimazi ngempela. Kodwa mina, bona kuphela engibabonayo engibaziyo, ngibone uMfowethu Evans ndawondawo esikhashaneni esedlule, kodwa ngilahlekelwe nguye.

159 O, yebo, nangu uMfowethu Dauch, ehlezi khona lapha, wase-Ohio, uMfowethu Bill Dauch, umngane wami, ohlezi khona lapha, noDadewethu Dauch. Nango uDadewethu Evans, manje sengimtholile, emuva ngqo ngemuva, kulungile, khona phakathi lapho, uMfowethu Evans, noma, uDadewethu Evans. Uphi uMfowethu Welch na? Ehlezi emuva lapho. Kulungile. Ukuze bezokwazi ukuthi nonke ningobani, phakamisa isandla sakho.

Noma ubani phakathi lapha ongaziyo, futhi owaziyo ukuthi ngiyakwazi, phakamisa izandla zakho, uyazi ukuthi ngi—ukuthi ngiyakwazi. Kulungile. Kulungile, niyabo.

160 Manje wena owaziyo ukuthi angikwazi, futhi uyagula, phakamisa isandla sakho, phakamisa isandla sakho. Bukani nje futhi nibone ukuthi kukuphi, niyabo. Cishe yonke indawo. Kulungile.

161 Uma i. . . Uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, iBhayibheli lasho ukuthi ekuqaleni wayekhona uLizwi noLizwi wayenguNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Futhi uLizwi wenziwa inyama. Lokho kungenkathi iZwi likaNkulunkulu Alikhulumayo, lenziwa inyama.

162 Niyazi ukuthi lona kanye uthuli enihlezi kulo kungukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu na? Lelo yiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Uma kungenjalo, kwavelaphi na? Wenza izwe ngezinto ezingabonakali. Niyabo? Wabumba umhlaba ndawonye, wakhuluma iZwi nje, wayesethi, "Makube-khona," futhi kwabakhona, UnguMdali. Kulungile. Ngakho isihlalo ohlezi kuso siyiZwi likaNkulunkulu, uthuli iphansi olubekwe kulo yiZwi likaNkulunkulu, zonke lezizinto zivela othulini lomhlaba, iZwi likaNkulunkulu, futhi wena, qobo lwakho, uyiZwi likaNkulunkulu. Kunjalo. Manje-ke kungani leyonhliziyo encane phakathi lapho ingeke iqale ukukhipha konke ukungabaza kulento lapha. Makube njalo.

163 Manje, neZwi likaNkulunkulu libukhali kunanoma iyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kufike emnkantsheni wethambo, nokuhlukana nomnkantsha wethambo, neZwi likaNkulunkulu, elinguJesu, Lahlulela imicabango enhliziyweni nasengqondweni. Kunjalo na?

164 Manje, ngenkathi iZwi lalilapha, futhi lenziwa inyama, futhi lakha phakathi kwethu esimweni seNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu, owesifazane omncane, ngokukholwa, wathinta

ingubo yaKhe ngeliny'ilanga, Akakuzwanga ngokomzimba, kodwa Waphenduka, wabheka, wathi, "Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?"

Ngisho noPetru waMkhuza, wathi, "Nkosi, wonke umuntu uyaKuthinta."

165 Wathi, "Ya, kodwa Ngi—Ngi—Ngibonile, Mina, amandla aphumile kiMi, Ngiphele amandla, amandla okuqina aMi asuka kiMi." Futhi Wathi, waqalaza macala onke phezu kwezethameli, futhi Wathola owesifazane omncane, wamtshela, umopho wakhe ayenawo, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Waphulukiswa. Akazange athi, "Ngikwenzile." Owesifazane wazenzela yena uqobo. Niyabo? Wathi, "Ukukholwa kwakho kusindisile . . . "

166 Manje, iBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade; neNcwadi yamaHeberu iyasho ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, uma uthinta lowomPristi oMkhulu ofanayo, umPristi oMkhulu ofanayo uyoziphatha ngendlela efanayo. Indlela Enza ngayo okokuqala Ufanele enze okwesibili, uma Engakwenzanga, Wenza ngokungesikho ngenkathi Ekwenza okokuqala.

167 Uma Azenza Yena uqobo waziwa njengoMesiya kumaJuda namaSamariya ngokubona imicabango engqondweni yabo, futhi ebatshela ukuthi babengobani, noma ukuthi babeyini, kanjalonjalo kanjalo, nento ethize ababeyenzile (Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso, lelo—lelo yiqiniso leBhayibheli, yileyondlela Azenza ngayo Yena uqobo . . . ?), awu, uma leyo kuyindlela Akwazisa ngayo kumaJuda nakumaSamariya, Ufanele akwenze kwaziwe kwabeZizwe, noma Wakwenza kwaziwa ngokungesikho kubo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

168 Manje, wonke lowo okukholwayo lokho, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakholwa ukuthi Wakwethembisa, futhi ngiyakholwa." Ngiyabonga. Lokho kwakwenza. Niyabo, khumbulani ukuthi iNgelosi yathini, "Uma ungathola abantu ukuba bakukholwe"? Niyabo? Ungangikholwa njengaYe, kodwa ukholwe ukuthi Ungithumile kuwe. Manje, khuleka futhi uthinte umPristi oMkhulu. Futhi uma Ezongisusa kulomsamo, futhi akhulume kuwe, vumela . . . yiba ngumahlululeli noma ngabe kunjalo noma qha. Wena yiba ngumahlululeli noma ngabe kunjalo noma qha.

169 Vele uthi nje, manje, buka le kimi njengomuntu, bese uthi, "Nkosi Jesu, ngiyadinga." Futhi ungazami ukucindezela indlela yakho, awufinyeleli ndawo-ke, ziphumuze nje, uthi, "Ngiyakukholwa, Nkosi, akukho kungabaza engqondweni yami. Indoda ayingazi, futhi ngikude le kuyo, ngiphandle lapha ezethamelini," emuva le ngemuva, noma ngimi ngizungeze

indingilizi, noma ndawondawo kanjalo. "Manje, ngiyazi ngiyaKukholwa. Uma nje Uzongivumela ngiKuthinte, makaphendukele kimi, ngizokwazi ukuthi lowo akusuye uMfowethu Branham, ngoba akangazi, kanjalo akazi ukuthi yini, ngingubani, noma ukuthi ngenziweni, noma, ukuthi ngenzeni, noma ukuthi ngizokwenzani, kodwa Wena uyakwazi, ngakho uma nje Uzomvumela aphenduke, ngiyazi ukuthi nguWe. Ngizowukholwa uMlayezo wakhe-ke, ngoba Umfake ngaphansi kokulawula," niyabo, "nguWe okhuluma ngaye." Niyabo?

170 Ubungakukholwa lokho na? Bangaki abebengakholwa ukuba bebengakubona kwenziwa ngamehlo abo uqobo na? Ake sibone. Hhayi emuva ekamelweni elithile elimnyama, khona lapha esidlangalaleni, njengoba iNkosi yethu yama. Ungabi. . .Akulutho oluyimfihlo, kuphandle lapha ngqo, kungokwamakholwa nje. Manje, khuleka nje.

171 Ngingahle ukuba benginephutha, bengicabanga ukuthi beKundawondawo khona lapha, kodwa kufanele ukuthi bekungenjalo. NgiyaKubhekisisa, KungukuKhanya nje. Ngabe loluhlangothi baphakamisile izandla zabo ukuthi bebegula, nabo, futhi bebengangazi na? Manje, Ukhona lapha. Wena obona lezozithombe, nezinto, cabanga nje, leloso lomshini lesithombe laSibona ngaphambi kokuba abantu abaningi baze baSibone, bathathe isithombe. Uma ngifa kulobubusuku, uma lolu kuwusuku lwami lokugcina emhlabeni, ubufakazi bami buqinisile. Iso lomshini lekhamera likufakazele kasikhombisa noma kasishiyagalombili ezizweni ezehlukene. Yiqiniso, iBandla liyakwazi emhlabeni jikelele.

172 Ngikhulume iqiniso, mina, ngoba ngikhuluma ngaYe. Yingalesosizathu ngingesabi kodwa ukuthi Uzophendula ngokuthi ngikhulume iqiniso, ngoba angifakazi ngami uqobo, ngifakaza ngaYe. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, futhi nikholwe.

Uthi, "Ulindeni, Mfowethu Branham na?"

Ngilindele Yena. Uma Engangitsheli, angikwazi ukukwenza, yilokho kuphela. Kuthatha ukukholwa kwakho ukwenza okuthize. Noma mhlawumbe Akathokozile ngathi sikwenza.

173 Bangaki osenamakhadi omkhuleko-ke na? Uma u. . .? Ukhona onamakhadi omkhuleko na? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, cishe amakhadi omkhuleko ayisishiyagalombili asele, elesishiyagalolunye. Sizobabizela phezulu uma Engakwenzi. Ngiyathanda ukukubona kwenziwa ngaphandle kwamakhadi omkhuleko, ukuze nibone ikhadi lomkhuleko alihlangene ngalutho nakho.

174 Nkulunkulu, sisize kulobubusuku. Manje ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona. Ngize lapha ngokukholwa okuhle, ngiza

lapha ngikholwa, ngikholwa ukuthi Uyokwenza. Ngikhulekela ukuthi Uzongisiza manje. Ngiphe uMoya waKho, Nkosi. Siphe khona, ukuze kube ngokwenkazimulo yaKho. Ngiyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

175 Yebo, Nakhu. NgiyaKubonga, Nkosi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleso sibhono, nenekazi, akusindise na? Kulungile. Kwamukele. Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi.

Angikaze ngimbone lowo wesifazane empilweni yami.

176 Ngabe siyizihambi komunye nomunye, Dadewethu othandekayo na? Angikwazi. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zibone. Ngabe leyo bekuyinkathazo yakho na? Ubuhlezi lapho ukhuleka, bekungesuwe na? Manje nginokuxhumana nawe. Ubukhuleka kuJesu, "Makube yimi." Kunjalo na? Vayizelisa isandla sakho *kanjalo*. Phakamisa isandla sakho, yebo, kulungile, vayizelisa isandla sakho, ukuze babone.

Manje, ngazi kanjani ukuthi ubekhuleka mayelana nani, namazwi abewasho na? Niyabo? Aniboni na? NguKristu.

177 Lapha, inenekazi elincane lisanda kuzigudluza nje, lihlezi lapho manje. Ufuna ukwedlula leyonkathazo yenhliziyo, Dadewethu na? Awudingi ukuba wenyukele lapha, bheka *ngapha* nje. Ufuna ukwedlula inkathazo yakho yenhliziyo na? Kulungile. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela." Kulungile, hamba uye ekhaya, inkathazo yakho yenhliziyo isiphelile, uJesu Kristu uyakusindisa.

178 Inenekazi elincane elihlezi emva kwalo ngqo, unenkathazo yabesifazane. Sukuma uma lokho kunjalo. Kulungile. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? U—unalo elilodwa na? Bengingahlosile ukukubiza. Kulungile. Hamba uye ekhaya. U. . . ubune. . . ubukhathazwa ngamehlo akho, abamabi, nawo. Ngabe kunjalo na? Vayizelisa isandla sakho. Hhayi ngoba ufake izibuko, kodwa aya ngokuba mabi kakhulu. Kulungile. Angeke esakwenza manje. Hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

179 Awusho, ngenzele umusa, uzongenzela na? Ukuze bazi, ngokuthi ubunekhadi, lelonenekazi elihlezi lapho eceleni kwakho, lona, ngapha ngakuloluhlangothi ngapha, eliphethwe lapho linesifo sokuvuvuka komphimbo, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Yisifo sokuvuvuka komphimbo ngaphakathi, kodwa lokho kulungile, kholwa, futhi kuzosuka kuwe. Kulungile.

180 Manje, uma ukholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, beka isandla sakho kowesifazane oseduze kwakho, ekhala lapho, iNgelosi yeNkosi iphezu kwakhe. Unenkathazo ngekhanda lakhe. Uma lokho kunjalo, yima

ngonyawo lwakho nenekazi, lelo engisanda kulibiza nje ngaleyonkathi. Kulungile. Sukuma uma lelo kuyiqiniso, leli elineduku esandleni salo. Kulungile. UJesu Kristu uyakusindisa, hamba uye ekhaya, uphulukiswe.

181 UyaMkholwa na? Manje, ngabe leyoNgelosi ingokomBhalo na? Lapha, emuva le lapha, Nanso emuva le lapho, ngase, le emuva. Kukhona indoda nomkayo, unkosikazi unesifo sikashukela, indoda inesifo samathambo. O, uma nje bengingabenza baqonde! Nkulunkulu, ngisize. Mnu. noNkk. Wilkerson, sukumani nime ngezinyawo zenu, uJesu Kristu uyanisindisa. Hamba uye ekhaya futhi usinde, uKristu uyakusindisa.

182 Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Awunalo elilodwa, awulidingi. Ngenkathi usami ngezinyawo zakho, lalelani lokhu, bangane, anginazi nonke, ngiyanazi na? Uma ngingakwazi, xhawulanani emuva naphambili. Niyabo? Angikwazi. Ubuhlezi lapho ukhuleka. Ngabe kunjalo na? Kukhona okwenzekile kuwe. Ngabe kunjalo na? Kulungile. Ngabe yilokho inkathazo yakho ebiyikho na? Ngabe yilokho igama lakho ebeliyilo na? Konke lokho Akushilo kunjalo na? Vayizelisa isandla sakho emuva *kanje*, uma kunjalo. Vayizelisa isandla sakho. Kulungile. Nakho lapho okhona. Hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

183 Bathinteni na? Niyakholwa ukuthi iNgelosi ephambi kwethu, iyiNgelosi kaNkulunkulu na? Akusimina. Angibazi labobantu, ngiyafakaza, bayafakaza, asazani, ngakho kufanele kube yiNgelosi yeNkosi. Futhi Yenza zona impela izinto zangokomBhalo uJesu athi Iyozenza ngaphambi nje kokuba uvuthe njengeSodoma. Amen!

Ake sibone. Uma nizokholwa!

184 Lapha, Nansi futhi, khona lapha ekhoneni. Lindani, yinenekazi, qhabo. Manje, umzuzwana nje. Qhabo, akusilo inenekazi elimi lapho, yinenekazi elihlezi phansi lapha. Kunjalo, inenekazi elincane elihlezi lapha, ngibone umntwana, kodwa yinenekazi elihlezi phansi, futhi lihlushwa umongozima. Futhi lona, leyo yintombazane yalo encane ihlezi lapho, iphethwe yisifuba somoya. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yima ngezinyawo zakho futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, uJesu Kristu uyakusindisa. Sukumani, nobabili. Uma siyizihambi omunye komunye, phakamisani izandla zenu, futhi nivayizelise izandla zenu. Kulungile. Hamba uye ekhaya, s'thandwa, sekuphelile, ntombazanyana. Niphiliswe nonke.

185 Uyakholwa na? Bukani *lapha*, bukani *lapha*, bukani *lapha*, *lapha*, *lapha*! Awukuboni lokho, Mfowethu Jack na? Bukani *lapha*! [UMfowethu Jack uthi, "O, yebo!"—Umhl.] Khona *lapha*, kumi ngqo phezu kwalendoda lapha. Indoda iphethwe isibhono. Kunjalo. Ayisiyo eyakulelidolobha, ingeyasedolobheni elithiwa

i-Orange. Kunjalo. Igama layo nguMnu. Sack. Ngabe kunjalo, mnumzane na? Uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa izandla zakho emuva naphambili, *kanje*. Ubuhlezi lapho, uthi, "Makube yimi, Nkosi." Ngabe kunjalo na? Vayizelisa isandla sakho.

186 O Nkulunkulu! Ningehluleka kanjani ukukubona na? Ngiyala wonke umuntu ogulayo phakathi lapha ukuba nime ngezinyawo zenu futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Sukumani, ningesabi. Mkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. EGameni likaJesu! . . .?. . .

